

USARS angeke uzibekezelele izisebenzi ezisebenzisana nabakhokhintela

Tshwane 24 kuNhlolanja 2022 - UPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) ukuqaphela ngokukhulu ukukhathazeka ukuboshwa kwezisebenzi ezimbili zakwaSARS ngezinsolo zokuqola abantu emva kokuba izisebenzi ezimbili zifune ngenkani imali kumkhokhintela ukuze bezomnciphisela noma bamesulele isikweletu.

Umkhokhintela uthi ngesonto eledlule wathola ucingo luvela esisebenzini sakwaSARS esabe simmemela emhlanganweni. Umkhokhintela uthi uma efika waba nezinsolo ezithile wabe eseshayela uMnyango Wamaphoyisa (SAPS) ucingo, ababe sebehlela indlela yokubanjwa kwalobu bugebengu, okwaholela ekuboshweni kwezisebenzi ezimbili. Ngokubambisana noPhiko IwakaSARS Olumelene Nenkohlakalo, udaba Iwabe seludluliselwa ophikweni oluphenya ngamacala aseqhulwini i-Directorate for Priority Crime Investigations (Hawks).

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uzwakalise ukusisola kakhulu isenzo izisebenzi ezisolwa ngaso waphinde wakhipha isexwayiso kuzisebenzi nabakhokhintela abasebenzisana ekukhwabanieleni uSARS.

“Yize ngingaqondile ukwehlulela kusengaphambili kulolu daba, uma kuyiqiniso ukuthi izisebenzi zethu zihlele ngenhoso ukuqola umkhokhintela, lezo zenzo zabo azisona isibuko sezimiso zakwaSARS.

“Nasiphi isenzo sobugebengu benkohlakalo sicekela phansi umsebenzi onzima wezisebenzi ezingaphezulu kwezi-12 000, ezaziwa ngokuzinikela nogqozi ezenza ngalo umsebenzi wazo wokusiza bonke abakhokhintela kanye nabahwebi. Kungugcobho ongcolisa izimiso zokuthembeka, isithunzi kanye nokusiza kunhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika, okuyindlela yethu Yokusebenza Ngokobizo.”

Lezi zisebenzi zizomiswa emsebenzini bese udaba Iwazo lubhekwa ngokukhulu ukushesha. USARS usebenza ngaphansi komthetho ukugwema ukuthi lenqubo ithathe isikhathi eside, lapho izisebenzi zithola khona imiholo yazo isikhathi eside.

Kusukela ngo-2019, abantu abayi-15 kubandakanya izisebenzi eziyi-7 baboshwa beboshelwa ukusebenzisana ekwenzeni inkohlakalo ngokuphathwa kwentela nolawulo lwempahla emngceleni. Ngalesi sikhathi abantu abayi-13 bagwetshelwe lawa macala obugebengu. Ngaphezu kwalokho, kusukela ngo-2019, emva kokuqondiswa kwezigwegwe okwenziwa kuzisebenzi, abantu abangama-57 sebexoshiwe kanti abangama-60 bona basula emsebenzini. Ukuhamba kwabo kwaSARS akusho ukuthi ngeke kwenzeke kubhekwe ukubekwa kwabo amacala obugebengu. Maningi amacala asaphenywa.

USARS angeke uyibekezelele inkohlakalo ebhekela phansi ukwethenjwa kwesikhungo ngabantu baseNingizimu Afrika, kusho uMnu. Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za